


# UKUKHULULWA OKUPHELELEYO

 Bengingathi angazi lokho okokukhuluma lokhu kusa. Bengihlezi ngemuva lapho loMfowethu Egan, njalo ngezwa...UMfowethu Neville wayekhuluma olunye ulutho, futhi ekhangele kimi. Futhi ngathi kuMfowethu Egan, “Uyangibiza yini?”

Futhi wathi, “Uyakubiza.”

<sup>2</sup> Futhi-ke ngilapha phezulu ukuzokhuluma okuthile lokhu kusa. Bengicabanga, lapho ngi...Ifeni lapho, lapho aba... idonsa ilizwi, kukhangeleka nje kuliqeda, lapho ukhuluma. Kukhangeleka ukuthi ifeni ithatha ilizwi khona kanye.

Bengisizwa oku...ubufakazi lapho ngiphakathi lapho ukukhulekela umfazi efonini. Futhi lowo othole umbiko, ukhohliwe ukufaka idolobho lendawo lapho okokutshayela khona ifoni, uvela kumka Dkt. Morrison. Futhi ngizalitshela nje lokho engikwenzileyo, okwemikhuleko yenu yonke, leyami. Ngibeke izandla efonini, futhi ngakhombela inombolo, loba yayingaphi, futhi ngacela uMoya oNgewele ukuya kumfazi. Ngakho ngicabanga ukuthi Uzakuzwa lokho nje ngokufanayo njengalokho Azakuba nxa singa...Bona? Futhi ngayibeka phansi nje. Futhi kungaba yiyo indlela iNkosi ebikufuna ngayo. Bona? Kungenzeka ukuthi bekungcono ngaleyo ndlela.

<sup>3</sup> Futhi-ke ngizwe ubufakazi lapho ngisasephakathi lapho, omunye esithi uDade Rook wayele...Ngiyakholwa uMfowethu Neville wathi wayebe loku—lokuphambaniseka kwengqondo, sengazathi. Kasibambeeleni kuNkulunkulu ngalokho, sikhumbula nje linto eyodwa: uNkulunkulu uyabazi abangaBakhe uQobo. Uyazi konke mayelana ngabo.

<sup>4</sup> Liyezwa kuhle khona ngemuva na? Nxa lingezwa, kule zihlalo ezingelalutho phezulu lapha. Lingantshintsha nxa lifisa. Futhi, kasiboneni, *leyi* kungabe kuyimayikhi enkulu na? [Umzalwane uthi, “Hatshi, mnumzana.”—Mhl.] *Leyi* ngalapha kuyimayikhi enkulu? Kulungile. Sizabona uba singasondeza nje lokho eduzane kancinyane. Kanjani ngangapha, Gene? Lokho kungabakuhle nje. Futhi kwezinye izikhathi ngitsha ilizwi nje kancinyane; bengitshumayela okwesikhathi nje. Kungcono lokho na? Selisizwa lokho ngcono?

<sup>5</sup> Futhi ngempela siyakhumbula laba emkhulekweni. Futhi sifuna ukubika phezu komhlangano oyinkazimulo phansi e... .

Ngikhangele uDade Rook na? Bengicabanga bengikhangele ikhosikazi ngemuva lapha elikhangeleka njengaye. Ngacabanga, “Ngeqiniso kangikhulumi ngokuphindwe kabili lapha.”

Ngikhangele omunye umuntu okhangeleka njengaye, ngokuya emuva. UseSibhedlela iSaint Edward's.

<sup>6</sup> Futhi-ke, eCleveland, Tennessee, laseCalifornia njalo, saba lemihlango eyinkazimulo. INkosi yabusisa kakhulu sibili, lezinto ezinengi Azenzayo. Futhi siyathokoza ngalokho. Siyathokoza ukuphenduka kwabethu, sibika ukulunga lesihawu sikaNkulunkulu. Yiyo indlela abenza ngayo eBhayibhiloni.

<sup>7</sup> Bengithakazelela uMfowethu Neville, kumbe umkhuleko kaMfowethu Beeler, ukuthi wakhulekela njani abantu, futhi—futhi ecela usizo lesihawu. Futhi nxa sikhangele nje ngalapho, wena izikhathi zonke, yonke into eyenzakalayo, uzathola kulenye into eqotho sibili mayelana ngakho. Futhi-ke lapho uMfowethu Neville esiza futhi waletsa lawa amadikhoni, lokunjalo, phezulu lapha kupulatifomu, uku—ukumemezela izibusiso zikaNkulunkulu phezu ko—komnikelo webandla, ngimzwile ekhuluma emkhulekweni wakhe kuNkulunkulu, mayelana ngalawomadoda, ukuthi babekhulekelana kanjani. Futhi lokho kungenza ngizwe kahle ukuzwa umalusi ongakhulekela amadikhoni akhe, futhi lamadikhoni akhulekelele umalusi. Lapho ubona ibandla lingena ekusebenzeleni ndawonye kanjalo, awu, kulento elungiselela ukwenzakala. Yiyo indlela ibandla okufanele lihleleke ngalo. Futhi kungiphe nje umqondo wesifundo. Bengizakhuluma ngesibusiso eKadeshi, lokwaliwa ukulalelwa kombiko wezinhloli, kodwa khona-ke ngantshintshela ingqondo yami, kokunye khona-ke.

<sup>8</sup> Futhi manje, mayelana ngokusiliswa, ngilobufakazi nje obuncinyane engizathanda ukubupha. Bengithemba ukuthi ngizabona umfana wami, uBilly, ngemuva ngale, kodwa ulakho esikhwameni sakhe.

Futhi uBilly usesibangcono emihlanganweni, kulalokho ayejwayele ukuba yikho. Waye sethuka, ephambaniseka, futhi wayengathi utshela abantu, “O, hamba uyehlala phansi. Hamba uyehlala phansi.” Athi, “Ngiza—ngizakunika ikhadi lokukhulekelwa.” Kodwa nginanzelele, manje manje, kuba labantu emhlanganweni abazwela nje usizo kangako. Nxa engela makhadi okukhulekelwa aseleyo, khona-ke uyabafaka ekamelweni ukuze ngiyebakhulekela.

<sup>9</sup> Futhi into enjalo yenzakala eChicago, isikhathi esedluleyo. Futhi ngithanda ukubala leyo ncwadi nxa engangena. Angenelisanga ukumbona. Kazange abekwazi ukuthi ngiyeza lokhu kusa, ngalapha, futhi—futhi ufuna—ufuna incwadi. Kodwa ngicabange ngakho nje lapho ngicabanga ngemkhuhlane eminengi kangako. Futhi nansi indlela okungayo. Yincwadi eqinisiweyo leyo. . .

Bengibala ephapheni, (Angizange; ngitshelwe) lapho amaphapha ayechothoza uOral Roberts, ngokukhulekela umfazi owayelesifo setshukela futhi wafa. Futhi mina, manje,

njengomMelika, ngi—ngithanda ukulalela imithetho le—lendoda esegunyeni. Kodwa ngicabanga ukuthi lokho akusikho nje. Ngingazi nxa bengathanda ukufaka, ephepheni, bonke labo uOral Robert ayebakhulekele futhi basila, labo odokotela ababebayalile. Ngiyamangala, bayakuphendulela kanye, bona. Babengeke bakwenze lokho. Futhi-ke ngicabanga mhlawumbe ukuthi udeveli ubaxubanisile bona ukuze, kuthi, loNkulunkulu ekuvumela, ukuthi uSuku lokwaHlulelwa bazamele bakuphendulele lokho. Kodwa ngiyazi izinkulungwane zabantu labo uOral Roberts abakhulekelayo, ababekade besifa, futhi baphilile.

<sup>10</sup> Ngakho, uyabona, bona, kabalinganisi kahle ngakho. Bethula uhlangothi lwabo, uhlangothi lokuchothoza, kodwa abethuli olunye uhlangothi. Manje, iphepha kufanele lihlalise umphakathi usazi ngezenzakalo ezenzakalayo. Khona-ke ngiyacabanga, nxa abantu bephathekile ngomunye lamunye, nxa omunye esiliswa, esiliswa sibili, lonke iphepha eUnited States kumele lithwale indatshana yakho. Kodwa awungeke ubaqhatshe ukuba bakwenze. Hatshi. Ungathatha into enjengalokho lapho, bayagegedeka bakuhleke, futhi bakulandule. Kodwa manje nxa kulento yokuchothoza... Kuyatshengisa nje ukuthi lesi isizwe silungele ukwahlulelwa. Kulungile. Futhi kufanele kube lokwahlulela, futhi akulandelela yokukuphepha. Futhi babuthelile umlilo phezu kwamakhanda abo, lokunjalo. Lenje i—i...ukungamanyani, ezimisweni! Iphepha, izimiso zalo, yiku—yikwazisa umphakathi ngaloba yini okuhle kumbe okubi, okwenzakalayo. Kodwa bakhatshana lezimiso zabo. Futhi lapho bekhathshana lezimiso zabo, khona-ke kabayi—kabayi kwenza injongo yabo kahle.

<sup>11</sup> Futhi kuyindlela efanayo eyiyo ngebandla. Lapho ibandla likhatshana lezimiso zalo, kalisoze lisebenzele kuhle abangcwele. Kumele sihlale ndawonye, kumele sibambane. Kumele sibenhliziyonye langqondonye. Kungenjalo, asisoze sikhonze uNkulunkulu kumbe abantu, ngaphandle sibe nhliziyonye futhi ngqondonye, ukuma ngezimiso zeBhayibhili lezinto uNkulunkulu azikhulumileyo ezilungileyo. Kumele sihlale sime ngazo.

<sup>12</sup> UBilly ehlezi ekamelweni, eChicago, yena... Omunye wabuya kuye, umfazi lendoda yakhe, lemvukuzane emaphatshini, esifa. Futhi umfazi wakhe wayebulawa yipholiyo esihlalweni esilamasondo, laye ezama ukunakekela indoda eyayisukuma kanzima, elemvukuzane ephatshini lakhe. Futhi uBilly wathi kuye, wathi, “Ngi—ngilusizi, mnumzana.” Wathi, “Ngingakupha ngokuthokoza ikhadi lokukhulekelwa.” Futhi wathi, “Kodwa a—angisela lelilodwa eliseleyo.”

<sup>13</sup> Futhi wathi, “Awu, kulungile, ndodana.” Wathi, “Lokho kulungile.” Wathi, “Sazama ukufika lapha, kodwa bekunzima kakhulu kithi.”

<sup>14</sup> UBilly wathi, “Ngikutshele ukuthi lenzeni.” Wathi, “Ngizathatha ubaba. Ngizamletha phakathi, futhi ngizamkhuphela phandle.” Futhi wathi, “Lapho ngikwenza, masinya lapho lisizwa uMbiko wakhe,” wathi, “khona-ke uthathe owakho...kumbe umkakho lawe, futhi lingene ekamelweni elincinyane lapho engidlula ngakho, futhi ngizamenza alikhulekele.”

<sup>15</sup> “O,” wathi, “lokho yikuthembeka, ndodana. Lokho kuhle okwaneleyo.” Bona? Nanso—nanso isimilo. Bona? “Kuhle okwaneleyo. Lokho kuhle.” Bona?

<sup>16</sup> Futhi lobobusuku, uBilly, lapho ebuyela lapho, lokhu ephambene lalokho akukhulumileyo, ukuthi wayelomkhwenyabo lapho owayesopha igazi ngokopha okukhulu emaphatshini. Futhi umkafowabo lapho, wayesopha igazi esiswini, ngamalonda esiswini njalo lokuthi babebuye labo, ohlangothini lokungathi yikubancedisa ukuthi bangene phakathi. Kufanele uqaphele, kungaba likamelo lonke ligcwele, uyabona. Kodwa ngidlula kukho konke lokubakhulekela, siyaphendulwa ngencwadi, kudlulisela ngeposti, ukuthi leyo ndoda isisilile ngokupheleleyo kuleyo mvukuzane yamaphaphu akhe. Umfazi, inkosikazi esihlalweni esilamasondo, usesukumile, ehamba ngalapho nje ephilile njengalokho ayeyikho. Indoda eyayilokopha kwa—kwamaphaphu, esifweni sofuba, isiphilile ngokupheleleyo. Futhi umkakhe usephilile ngezilonda zesiswini. Abane babo basilisiwe, khona kanye! Angazi uba amaphephandaba engabe ethanda ukukudinda lokho. Bona? Bona? Bona? O! Kodwa uNkulunkulu ulokhu enguNkulunkulu. Wenza izinto nje ngendlela Yakhe uQobo, liyazi, futhi Muhle sibili. Siyajabula kangako ukuba kwazi ukuthi nguNkulunkulu.

<sup>17</sup> Sasikhuluma ngokunye ukusa mayelana ngomtshumayeli omncinyane esimaziyo, owayevame ukuhamba ebhoda, ekhulekela abagulayo lakho konke. Futhi wahamba wakhulekela umuntu esibhedlela eLouisville, lodaba lwesifo sofuba, ikhosikazi lafa. Umfo omncinyane wathi, “Awu, akudingakali...uNkulunkulu aka...Akula Nkulunkulu. Ubezagcina iLizwi Lakhe.” Wathi, “Ngamgcoba njengo—njengokutsho kweBhayibhili. Uba engagcini iLizwi Lakhe, Akasuye Nkulunkulu.” Wathi, “Libhuku nje.”

<sup>18</sup> Manje, lokho kungakhangeleka njalo ngaphandle umazi uNkulunkulu. Lokho yingxenye yeMibhalo, kodwa akusikho konke okoMbhalo. Kuphezu kwesisekelo sokholo lomuntu ngamunye. Bona?

<sup>19</sup> Futhi ngatshela umkami, ngathi, “Kube lezinto ezinengi kangako zisenzakala, engaziyo nje ukuthi zikhona. Angikwazi lokho okuzakwenzakala kimi ekucineni. Ngingahamba indlela efanayo. Nxa uNkulunkulu engasusa isandla Sakhe sesihawu

kimi, ngizahamba indlela efanayo. Kodwa ingqe kuphela Ezagcina isandla Sakhe sesihawu lokuhola phezu kwami, ngizaqhubeka.” Kodwa ngabuza uMeda, ngathi, “Wayengubani ekamelweni lokho kusa emva kombono wami ngibona inkazana yami encinyane, uSharon?”

<sup>20</sup> Kanje, ngolunye usuku, ngaphosa ngaqaleka. Ngangihlezi esitaladeni. Futhi liyazi indaba yami ngombono wakhe, emuva. Futhi ngakhangelela, kusiza eceleni kwami, futhi lapho kwabuya inkazana encinyane phansi esitaladeni lapha eJeffersonville, kwakufana nje dalowo mbono. Ngenza nje ukubambanisa izandla zami ndawonye. Kwakhangeleka njengalowo mbono kaSharon wami omncinyane! Wayesengumfazi omutsha lapho.

<sup>21</sup> Futhi emva kwalowo mbono lokho kusa, lapho eNkazimulweni, Nga...UHope wayengitshela, elengalo yakhe emahlombe ami, esithi, “Ungakhathazeki ngathi, Bill. Singcono.” Ngangizama nje ukuzibulala. Futhi wathi, “Ungakhathazeki. Ngithembise ukuthi awusoze ukhathazeke futhi.”

<sup>22</sup> Futhi ngathi, “Angeke ngithembise, Hope, ngoba ngi—ngi—ngiya...Ngiyakhathazeka. Angeke ngikwenqabele.”

<sup>23</sup> Futhi ngaphuma embonweni, ngimile ekamelweni elimnyama. Futhi kungasiwo umbono, kungasikho ukukhumbulela, kodwa ingalo yakhe yayilokhu ingigonile. Futhi wayengimbambatha. Ngacabanga, “Mana okomzuzu. Lokhu akusikho...” Angazanga ukuthi ngikubize ngokuthini kulezonsuku, umbono. Ngakubiza ngokuthi yikuhlehla kwengqondo. Ngathi, “Lesi yi...Isandla sakhe silokhu sikhona.” Ngathi, “Ulapha na, Hope?”

<sup>24</sup> Wathi, “Bill, ngithembise ukuthi awusoze uphinde ukhathazeke ngami loSharon.” Ngoba, ngasengisekucineni kwendlela. Ngasengilungiselele ukuzibulala.

Ngathi, “Ngiyakuthembisa.” Futhi wangisingatha, futhi wangimbambatha ngesandla sakhe.

Futhi-ke nga—ngathi, “Hope, ungaphi na?” Nga...ngezwa phezulu, ngase ngibamba iketani encinyane elayithini futhi ngayidonsa. Ngahamba ngalapho, ngadinga kusosonke isihlalo, ukubona ukuba wayengabe ehlezi lapho.

UnguNkulunkulu. Ulokhu enguNkulunkulu kangako, lamuhla, njengoba WayeseNtabeni yokuGuqulwa lapho uMose lo Elija bebonakala. Ulokhu enguNkulunkulu.

<sup>25</sup> Singedlula ezinhluphekweni ezinengi lokuvivinywa. Khumbula nje, kuloMunye Owaziyo, ukhanyisa indlela, uyenza ibeqotho. Kangikwazi lokho okungemuva kwekheteni. Kodwa ngiyazi into eyodwa, ngikhuthalela uphawu lobizo oluphezulu, nsuku zonke, ngizama ukuphilela leso senzakalo esikhulu esizathathi ndawo ngolunye usuku; lapho ngizakuMbona, ubuso

ngobuso, futhi ngikhulume indaba, “Ngisindiswe ngomusa.” Yilo usuku engiluphilelayo. Ngitshiya lezo izinto ngemuva, ezikhona, ngifuna ukukhuthazela phambili, ngiqhubeke nje ngihamba.

<sup>26</sup> Ngifuna lelithabhanekeli, manje njengoba selimi ezinyawenu zenu, Ngifuna ukuthi liqhubeke likhuthalela uphawu lobizo lwaphezulu. Loba kuyini okwenzayo, bambelelanani ndawonye, libe ngababambeneyo njengalokho elingaba yikho, kodwa izikhathi zonke ngengalo eluliweyo, ukufinyelela lokuthola omunye umuntu, ukubangenisa phakathi. Kodwa kuloluKholo esilutshumayela manje lesilulwelayo ngokuqiniseka, ungasuki i-intshi eyodwa Kulo. Ngoba, nxa ungikholwa ukuba yinceku Yakhe, lolu luhlelo lukaNkulunkulu. Alusoze lube kwabanengi. Luzahlala lukwabayingcosana, luhlezi lunjalo futhi luzahlala lunjalo. Kodwa, khumbula, kulotshiwe, “Ungesabi, mhlambi omncinyane; kuyintando enhle kaBaba wenu ukulipha uMbuso.”

<sup>27</sup> Manje, kuleqembu lezikhundla zebandla lethu, amadikhoni, abaphathi, umphathi omkhulu wesikolo seSonto, abelusi, lapho ibandla lethu lihlelwa. Futhi lina, abantu, lakhetha izikhundla lezi lalumalusi. Ngingumbonisi omkhulu nje, ngikubona kuqhubeke kuhle, lokupha iseluleko lokunjalo. Yini elikhethayo umalusi wenu, likhetha abaphathi benu, likhetha amadikhoni enu, likhetha sonke isikhundla esikhona kulelibandla; lina, abantu. Futhi kungumlandu wenu ukuthi lime lalawo madoda, bona, ngoba bazakwenza amaphutha. Bangabafayo. Bangamadoda nje, futhi bazakwenza amaphutha. Kodwa nxa uMongameli weUnited States esenza iphutha, siyaphosela phandle, njengo Mongameli na? Siyakhohlwa ngakho futhi siqhubeke sisiya phambili. Yiyo indlela esifuna ukwenza ngayo ibandla lethu manje. Bengimlalele ekhulekela, imizuzu emilutshwana edluleyo, lawo madikhoni. Futhi lokuzwa emuva ngale, ubufakazi, emnyango, obuvela kubaphathi, ukuthi kanjani ngengqondonye lonke linjalo. Manje hlalani ngaleyo ndlela. Manje, lina malunga manini labala baphathi, amadikhoni, lomelusi. Futhi khumbulani, lapho liletha lokhu ndawonye, khumbulani ukuthi kungumsebenzi kadeveli ukubona ukuthi lokho kuyephulwa. Manje kuhlezi kunjalo futhi kuzahlala kunjalo. Kodwa lime labaphathi benu, futhi lokho yinkulumo ebengizayenza.

<sup>28</sup> Futhi ke lapha njalo ngilokunye...enye into yebhodi lezaziso lokhu kusa, mayelana ngokuhlangana kwamabhodi legunya labo. Futhi kuzakuba sebhodini lezaziso. Futhi ngilekhophi kaMfowethu Roberson, ongumgcini sihlalo wamadi-...abaphathi. Futhi-ke ngilekhophi kaMfowethu Collins, ngiyacabanga, ome njengomgcini sihlalo webhodi lamadikhoni. Futhi manje, zonke lezi izikhundla zibekwe

ngokoMbhalo, futhi kumele zibe lemithetho yoMbhalo yalokho okufanele bakwenze. Ngakho-ke, abaphathi balesikhundla sabo. Lamadikhoni balesikhundla sabo. Umphathi wesikolo seSonto ulesikhundla sakhe uqobo. Futhi umalusi uyinhloko yomhlambi.

<sup>29</sup> Manje, munye walaba balezinto ezihambelanayo. Futhi ngicabanga ukuthi umhlangano wenu akufanelanga ube ndawonye, kodwa kumele ube ngesikhundla ngasinye, ngoba amadikhoni awala lutho lokutsho kubaphathi ngaphandle belomsebenzi wokubeka phambi kwabo. Futhi kuphendukezelwe, abaphathi baphezu kwezemali lezinto zokwakha; abala lutho lokwenza lamadikhoni. Amadikhoni ngamapholisa ebandla, labancedisi kumalusi. Futhi abaphathi babambe impahla yonke. Abaphathi abala lutho lokwenza ngesiphetho sokomoya ngakho, futhi umdikhoni akala lutho lokwenza ngesiphetho sakho sokwezimali. Ngakho-ke, kumele kube njalo. Futhi umphathi wesikolo seSonto uphezu kwesikolo seSonto yakhe. Ngakho ngilakho konke kulotshiwe, kwathayiphwa, kuzakuba ebhodini lezaziso.

<sup>30</sup> Njalo-ke sizakuthola, phakathi kwefuremi, iMfundiso ibandla eliyimelayo futhi sibe Lakho phakathi kwefuremi lapha, ebandleni; lokho esikumelayo, i-izimiso, iMfundiso yebandla. Manje, ukuba libandla, kumele sibe lemfundiso.

<sup>31</sup> Asidwebi phansi loba yiziphi izikhonkwane, futhi sithi, “Sihamba kude *kangaka* nje.” Siphuma phandle nje kangako, ngobudlelwano kanye lomuntu wonke, lowo uNkulunkulu azasivumela ukuhamba, eMibhalweni Yakhe, kanye labantu. Futhi manje libambane ndawonye, libe ngqondonye, nhliziyonye, futhi liqhubeke ngoNkulunkulu. Yiyo indlela uNkulunkulu afuna sikwenze.

Manje kasikhulekeni, futhi-ke sivule iLizwi.

<sup>32</sup> O Nkosi eligugu, manje sesizasondela eLizwini eliNgcwele, kumbe ukubalwa kwaleliLizwi. Makuthi uMoya oNgcwele Wakho usichasisele lokho esilesidingo ngakho. Futhi masikhulume, Nkosi, futhi senze lokuphila, sisazi ukuthi sonke singabantwana Bakho, ngomusa, njengoba Usibizile. Makube lobudlelwano ebandleni leli, sibona ukuthi sesizakungena kokunye ukuhamba okukhulu, sizwa, ngokuletha abanye abatshumayeli ukuya ezinkundleni lapho, nxa Ungangithuma endaweni ezitshiyeneyo zomhlaba, lapho ukwakha uKholo, futhi lokuba lomtshumayeli olungiseleyo futhi ethanda, futhi efundisiwe ukuqhubekelela phambili. Futhi makuthi uKholo olwanikwa kwaba kanye kubangcwele, esilumela ngobuqhawe, lube yindingilizi emhlabeni. Siphe khona, Nkosi. Makuthi linqwaba yokhula encinyane, njengalokho eyayiyikho ngolunye usuku lapho siyinikela Kuwe, makube lebandla eliphakamayoz phezulu lapha, Nkosi, ukuthi phakathi kwalo kuzaphuma

abatshumayeli labavangeli labafundisi lamamishinari, kuzo zonke indawo zomhlaba.

<sup>33</sup> Singacela, lokhu kusa, isibusiso esibalulekileyo soMfowethu loDadewethu Stricker abahluphekayo manje. Kodwa siyazi ukuthi sonke siyabekwa kulokhu kuhlolwa. Yonke indodana ezayo kuNkulunkulu kufanelwe ilaywe, ivivinywe. Futhi nxa sikhulala kalula, futhi sifulathele, khona-ke singabantwana abangamavezandlebe, futhi hatshi abantwana bakaNkulunkulu. Nika uMfowethu loDadewethu Stricker ukuqina lamandla, ukuhlala endaweni yomlandu wabo. Nxa kufanele baphanze lokho kudla abakudlayo, makuthi isandla Sakhos sesibusiso sibe phezu kwabo. Ngoba asikwazi kodwa kungaba ngomzamo lowo ukuthi Ungatshengisa umdabu waseAfrika ukuthi umKhristu oqotho uyini. Kuvumele, Nkosi. Manje makuthi konke kwenziwe ngokwentando Yakho.

<sup>34</sup> Busisa lumalusi, uMfowethu Neville. Siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzakumenza umelusi womhlambi, njengalokho oWakwenzayo esikhathini esedluleyo. Futhi kasiyi kukhohlwa othandekayo wakhe, umkakhe omncinyane ogulayo kakhulu. Isitha singathanda ukutshiya uMfowethu Neville leqembu labantwana, bengela mama, kodwa siyama futhi sibeke, ngokholo, iGazi likaJesu Khristu phakathi kwalesositha lodadewethu. Makuthi uMoya Wakho, Nkosi, ube mkhulu phezu kwakhe, sisazi ukuthi abafazi bonke bagcotshelwe ukuhamba phansi kulesi isihotsha, sobumnyama salesi sikhathi, kodwa siyakhuleka ukuthi Uzakuba laye. Busisa labo bantwana abancinyane. Uzakwethuka manje, lokungahlaliseki, kodwa makuthi uMoya oNgcwele ube semnyango wesihawu, isikhathi sonke, okwaleyo muli.

<sup>35</sup> Busisa ibhodi yabaphathi bethu, uMfowethu Wood, loMfowethu Egan, uMfowethu Roberson, labo bonke abanye, Nkosi. Amadikhoni, abaphathi, labo bonke abahlanganyela ibandla, siyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzakubavumela basebenzele ithemu yabo ngobungcwele lo—lokulunga. Busisa labo, Nkosi, abasebenzileyo ezikhathini ezedluleyo. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzaqhubeka ukuba kanye lathi sonke, ukuthi sizakwazakala njengebandla lokubambana, loMoya lothando lweNkosi. Siyakhuleka manje ukuthi Uzakusabela iLizwi, njengoba silesidingo, lapho sibala eLizwini Lakho elilotshiweyo. Ngoba sikucela eBizweni likaJesu. Amen.

<sup>36</sup> Futhi ekukhulekeni, bengicabanga lapho sibusisa kumbe ngokucela izibusiso zokwesimanje manje... ibhodi elitsha labaphathi bethu lokunjalo, bengicabanga ngoMfowethu Fleeman loMfowethu Deitzman labo behlezi lapha, labo abasebenze kuhle, khona ngaphambili. Futhi sifuna ukuba lokubonga kuNkulunkulu ngenxa yomsebenzi wabo othembekileyo. Makuthi iNkosi ibe labo kokuphela, ukubabusisa futhi lokubanceda. Ngifuna ukubala



ngaphambi . . . Khumbula nje manje, ibhodi yezaziso lokunjalo, lemhlangano ezayo.

<sup>37</sup> Futhi siyajabula ukuba kanye lathi, lokhu kusa . . . Awu, ngingakutsho kanje, indoda ebikade iligugu kakhulu kimi, ezikhathini ezedluleyo, loligugu manje, umfowethu omuhle, uFred Sothmann, owase . . . lonkosikazi wakhe, abavela eSaskatchewan, Canada, olapha ukuhambisana lathi, elizweni lethu, isihambi; kodwa ebudlelwaneni bethu, umfowethu othandekayo, uMfowethu Fred Sothmann ohlezi lapho. Ungiphathela imikhankaso lapho ngiseCanada.

<sup>38</sup> Futhi lomunye umfowethu oligugu laye owaye ngumCanada ngaphambili, owayengu somabhizimusi, futhi engafakaza emhlabeni ukuthi awungeke unike ukwedlula uNkulunkulu. Yena lomngane wakhe babumba uxaso lwezemali zokwakha indawo, kumbe okwemishini yangaphandle kwelizwe, uxaso. Futhi bangibiza eOakland, okomhlangano, futhi bathi babelemali. Bazakusekela konke, kuxaso lwabo.

<sup>39</sup> UMfowethu Fred lami sakuzama lokho okwemali uMfowethu Fred ayelayo, engangingeke ngiyithathe njengomuntu oyedwa. Futhi-ke sanquma ukuthi sasizayinikela ebantwini baseCanada futhi singathathi ngitsho umnikelo, kodwa akuzange kuhambe kuhle kangako. Imihlangano yayikahle. Kodwa ngoba singazange sithathe umnikelo . . . Angilandaba uba ibandla libiza amatola angamakhulu amabhiliyoni, ulokhu ulesikwelede, kuNkulunkulu, ukuthatha umnikelo. Lokho yingxenywe yokukhonza. Futhi liphanga lokho . . . Njengoba bengimelana lemali kangako lezinto ezinjalo, ngiyafumana, lapho umuntu ephambukile, kungcono uvume uphambukile, ngoba uMfowethu Fred lami sakubona kungaphumeleli kuhle kangako.

<sup>40</sup> Futhi, Mfowethu Borders, lapho ngitshiya uMfowethu Fred futhi ngeza phansi kuwe eOakland, Ngathi, “Ungakwenzi. Dlulisa nje umganu wenkongozelo, thatha umnikelo, futhi, loba kuyini okuyikho, kubuyisele kuxaso lwakho komunye umhlangano kwenye indawo.”

<sup>41</sup> Futhi inkonzo ingakavalwa, uMfowethu Border labangane bakhe beza kimi, njalo bathi, “Njengalokho esakubeka e—emhlanganweni, sekuvele kwathathwa.”

<sup>42</sup> Futhi-ke, insuku ezinlutshwana ezedluleyo, wenza amalungiselelo womhlangano eSan Jose, California, lapho ayelamanye, ngithemba amatshumi ayisithupha kumbe amatshumi ayisikhombisa amabandla esihotsheni, enkolo ezehlukeneyo zonke esebenza ndawonye. Saba lomhlangano omangalisayo, futhi sibuyela ngemuva njalo, ngoLwezi. Siyajabula ukuba lawe kanye lathi, Mfowethu Borders loMfowethu Fred ohlezi ngemuva ngale. Futhi lamadoda bangabemzini mhlawumbe kini lonke, kodwa

bebengabafowethu abaligugu kimi phandle ezinkundleni, silwela ngokuqiniseka uKholo lolo esilumelayo. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Siyathokoza ukuba lani lokhu kusa, kwelincinyane, ithabhanekeli elidala lapha. Alingako ukulikhangelala. Kodwa kulenye into lapha, leyo, siyazi ukuthi uNkulunkulu uyaphila lapha, uyabona, ngakho siyajabula kakhulu ngalokho. Futhi kulabanye abazalwane abaligugu, nxa bengilesikhathi sokubaqamba, labo abakanye lathi lamuhla.

<sup>43</sup> Manje ngikhangelele lokukhuleka ukuthi ngensuku ezinlutshwane ezilandelayo, iNkosi ithanda, ngifuna ukuhamba, ngisizwa ngikhokhelwa . . . Angikenzi isimemezelo. Umhlangano olandelayo, eOhio, ukuba loMfowethu Sullivan, ezihonqweni, ngaphakathi kwesikhathi esifitshane. Kungamamayila angaba phose ikhulu kuphela phezulu lapho, ngiyathemba, Gene, into enjengalokho. Kungaba luhambo oluhle, ungahlelanga ikhefu lakho, nxa iNkosi iqhubeka ukusikhokhela. Indoda enhle kakhulu, futhi siyamthakazelela uMfowethu Sullivan, oyindaba enkulu. Nje u . . . Ungumeya wedolobho. Wayeke waba ngumeya nje, futhi umKentucky wesidala. Yikho konke engingakutsho ngaye. Lapho ngihlangana laye ngolunye usuku e . . . Sonke sobabili sakhuliswa phansi lapho ezintabeni zaseKentucky. Wathi kimi, “Ngabe ulokhu usasele asafetida yakho entanyeni yakho na, Billy?” Manje uyakwazi ukuthi ungumKentucky kanjani—kanjani. Manje kasivuleni ku . . .

Kungasikweyisa abazalwane bami baseKentucky lapha, uMfowethu Jefferies, lokunjalo. NgingumKentucky, lami, liyazi. Ngizalitshelela into eyodwa esiyiyo. Asisibo baseKentucky, futhi asisiwo maMelika. Siyizihambi labafokazi. Sidinga iDolobho elizayo.

<sup>44</sup> Manje ekubaleni, asibaleni okuvela eBhukwini likaExodusi, okwemizuzu emilutshwane. Ngifisa ukubala esahlukweni sesi 23, lendima 20 kusiya kweyesi 23, kugoqela. Futhi ngifuna ukuthatha isifundo lokhu kusa, esivela kokunje, kwalokhu, ngingatsho: *UkuKhululwa Okupheleleyo*. Futhi angisoze ngithathe isikhathi eside, ngikhuluma, manje lapho ngisalilindele livula iBhuku lenu lesahluko.

*Khangela, Ngithuma iNgilosi phambi kwakho, ukuze ikulondolozwe endleleni, ikuse endaweni engiyilungisileyo.*

*Uyiqaphele, . . . ulalele ilizwi layo, ungayicunuli; ngoba kayiyikuthethelela iziphambeko zenu: ngoba ibizo lami liphakathi kwayo.*

Ngileqiniso ukuthi ibandla liyazi ukuthi liNgilosi yayingubani. “IBizo lami liphakathi Kwakhe.”

*Futhi uba ungalalela sibili ilizwi layo, futhi wenze konke lokho eNgikukhulumayo; khona-ke ngizakuba*

*yisitha sezitha zakho, ngiphambane labaphambana lawe.*

*Ngoba iNgilos i yami izahamba phambi kwakho, ikungenise... kumaAmori... lamaHethi, ... lamaPerizi, ... lamaKhanani, ... lamaHivi, lama... Jebusi: njalo Ngizababhuhisa.*

<sup>45</sup> Makuthi iNkosi ibusise iLizwi Layo lapho sikhuluma manje okwemizuzu emilutshwane, nxa ukhuleka. Bengicabanga ngokwalesi isifundo, sokuthi: *UkuKhululwa Okupheleleyo.*

IBandla belise—lisengcosaneni. Lizahlala linjalo, emalungeni, uJesu aze abuye. Kodwa Liphila ngaphansi kwamathuba eLiwaphiwe nguNkulunkulu. Aluba sasikwazi kuphela, leli liBandla likaNkulunkulu ophilayo; hatshi iBranham Thabhanekeli, kodwa iBranham Thabhanekeli liyingxenye Yalo nje. Kulamanye amathabhanekeli ilizwe lonke.

<sup>46</sup> UMfowethu Snelling, lobubusuku, uba lenkonzo yombhaphathizo. Ngikhohliwe uMfowethu Curtis wangitshela ukumemezela lokho, kumbe ungitshela izolo, wayelalo. Uba lenkonzo yombhaphathizo. Futhi nxa loba ngubani lapha ongakaze abhaphathizwe, lakhathesi, ngani, uMfowethu Snelling engathokoza ukukwenza lokho, lobubusuku. Leyo yiHoliness Thabhanekeli eUtica. Futhi uMfowethu Junior Jackson, eNew Albany. Futhi kulamanengi amabandla anjalo elizweni lonke. Kodwa sonke siyaphila, kukhangeleka sengathi, ohlangothini olunqotshiweyo, kakhulu, loba kancinyane.

<sup>47</sup> Ngizwe uMfowethu Neville ememezela lokhu kusa, ngemuva ngale, ukuthi kwangathi kwafika engqondweni yami, ukuthi abantu bakhangeleka besuka ekukhululweni. Kukhangeleka kungenye into, ukuthi, abantu bakubona, khona nje bakufuqela phandle kolunye uhlangothi, “O, awu, uNkulunkulu engakwenza.” Kodwa lokho akusiso isimilo.

<sup>48</sup> Manje, uMose, lapho ebizwa nguNkulunkulu, waye ngopheleleyo, umprofethi ogcweleyo.

Lapho uNkulunkulu ethumela indoda ukwenza loba yini, Uyamhlomisa ngokugcweleyo ngento yonke alesidingo ngayo. Nxa uNkulunkulu ebiza umuntu ukuba ngumtshumayeli, Ufaka into kuye yokutshumayela ngayo. Nxa Embiza ukuba ngumfundisi, Ufaka into kuye yokufundisa ngayo. Nxa Embiza ukuba ngumprofethi, Ufaka into kuye, yokubona imibono lokuba ngumprofethi. UNkulunkulu izikhathi zonke uhlezi ehlomisa ngokugcweleyo abantu Bakhe.

Futhi yikho lokho Akwenzayo lapho Ethumela uMose eGibhithe. Wamkhulisa ngendlela ethile. Futhi Wamfundisa ngendlela ethile, futhi Wambumba, futhi wamenza, futhi wamlungisa. Emva kokuba Esethembise uAbrahama, amakhulu eminyaka ngaphambili, ukuthi Wayezakhulula abantu, khonake Wa—Wayelakho engqondweni ukuthi Wayezakwenza uMose

nje ngendlela uMose enziwa ngayo. UMose wayengumprofethi ogcweleyo. Futhi-ke, engumprofethi ogcweleyo, khona-ke . . .

<sup>49</sup> Njengawe, nxa ungumKhristu, uNkulunkulu akenzi amaKhristu aphakathi laphakathi. UNkulunkulu wenza amaKhristu agcweleyo. UNkulunkulu akenzi abatshumayeli abaphakathi laphakathi, kodwa umtshumayeli engaba phakathi laphakathi. Futhi uNkulunkulu wenza abantwana Bakhe amaKhristu, kodwa kwezinye izikhathi bangamaKhristu aphakathi laphakathi. Kodwa kakusikho njongo kaNkulunkulu ukuba babengaleyo ndlela. Zindlela zabo ezixubane lecebo likaNkulunkulu ngokwempilo yabo, futhi yikho okubenza babe yilokho. UNkulunkulu akabafuni babengamaKhristu abaphakathi laphakathi, kumbe abatshumayeli abaphakathi laphakathi, beyekethisa nhlangothi zonke, kumbe . . . Ufuna ukuthi bame ngokugcweleyo emkhandlweni.

<sup>50</sup> Manje, uMose, uNkulunkulu wayemenze waba ngumprofethi ogcweleyo, ngokukhulula okugcweleyo. Futhi uMose wayezinikele ngokugcweleyo ezandleni zikaNkulunkulu. Yiso isizatho kwamenza lokho ayeyikho. Wayegcwele kangako kuNkulunkulu uNkulunkulu waze wamethemba.

<sup>51</sup> Ngiyamangala, lokhu kusa, njengamaKhristu, uba sinikele intando zethu, futhi sazinikela ngokugcweleyo kangako kuNkulunkulu, uNkulunkulu aze asithembe indawo Asibeke khona. Ngiyamangala, lokhu kusa, ngokwami, nxa ngingazinikela kangako kuNkulunkulu uNkulunkulu aze angithembe, engathemba uMfowethu Neville, engathemba ibhodi yabaphathi bethu, ibhodi yamadikhoni ethu, kumbe amalunga ebandla lethu. Sonke silendawo, futhi silomlandu.

<sup>52</sup> Umtshumayeli ulendawo yomlandu, ukuma futhi atshumayele inotho engahlolisisekiyo kaKhristu, engayekethisi, nxa ebizwe ukuba ngumtshumayeli. Angeke ayekelele into eyodwa ngomuntu oyedwa, nxa ebizwe ukuba ngumtshumayeli.

<sup>53</sup> Futhi ilunga lebandla, ubizwa ukuba lilunga laleliqembu elithile, khona-ke angeke ayekethise. Nxa ibandla likholwa ukuthi akufanelanga sidlale amakhasi, khona-ke lelo lungu akufanelanga lithinte inqwaba yamakhasi. Kasikholwa yikunatha, kumele atshibilikise ikhanda lakhe ngokugcweleyo ekunatheni. Nxa singakholwa ekutshoveni amakhasi, kumbe ukubhema, ilunga lalelibandla akufanelanga libambe into enjalo. UNkulunkulu upha ukukhulula okugcweleyo. Lapho si . . .

Uzakwenza nxa singazinikela ngokugcweleyo Kuye. Nxa singazinikela ngokugcweleyo ezandleni Zakhe, khona-ke uNkulunkulu angaphila phakathi kwethu. UKhristu, iThemba leNkazimulo, EngaZitshengisela kithi lapho sizikhupha ngaphandle kwendlela. Khona-ke imicabango yethu yimcabango Yakhe. Ungacabanga ngoKhristu ebhema igwayi?

Ungacabanga uKhristu enatha, kumbe edlala amakhasi na? Khona-ke nxa umoya wakho uyingxenywe yoMoya Wakhe, Ufuna ukuba phezu kwesivumo sakho. Kodwa uyavumela udeveli angene futhi abuse. Futhi isikhathi sonke, enhliziyweni yakho, khona phansi ekujuleni, uyakwazi ukuthi uphambukile lapho usenza lezozinto.

Futhi lapho elinye ilunga lingakhuluma kubi ngelinye ilunga, liyakwazi lokho kubi. Liyalaywa ukukhulekelana, hatshi ukukhuluma kubi ngomunye, kodwa ukuthandana. Futhi nxa omunye ephansi, kasimphekamiseni, simsize. Manje, lokho kusenza i—i—iqembu elibambeneyo lamakhulwa. Manje, lapho singalaleli lokho, khona-ke kasilaleli uNkulunkulu futhi kasimthokozisi uNkulunkulu. Futhi khona-ke, ibandla lethu, abantu bethu abangeke baphumelele, ibandla alingeke liqhubeke, kungenxa yokuthi asibambananga, ndawonye. NjengoJesu wathi, “Imvubelo eyingcosana ibilisa inhlama.”

